

Story of silwane of Chunu tribe; agricultural
practices; history of the Kunene tribe of Nicholas Kunene.

(30) 435

16

K13/21
13/21.

K13/21

1
6

Ukuphuna k empi, ku silwane ka Phakade.

1 Kuthena musukwana uBabatha wakwa Zondi inkosi yase Ngome elwanabamhlophe wafuna ukudumela uSilwane. Kwathi musukwana kuyathelwa wayi phakasengathi iyakulwa impi. Wayiphaka ngezigaba uMfoka Phakade k athi ibutho lamakholwa waliqamba wathi izazi. Wagcinangalo ukuyiphaka. Kuthiwa kwasukela ekuzani latho byofundumala waphenduka wamunyama wafana nelahle akabukeka lapha. Kwathi inyanga yawacela amabutho ese sibayeni kwathi uma isicheliwe yaphuma ngezigaba. Kwathi umase yiceliwe akwavyonyelwa noyedwa ukuphinda ekhaya ngoba uzokona izithelezi. Phela uma omunye ephume qhede waya emuzini wakhe uyithela ngesisila impi yenkosi amanyala lawo.

2 Kwathi amakhosikazi wona alandela yonke im sikho eyenziwayo umasekuphume impi aye ahlome iphunganhloli emakhanda avunule ngalo. Amakhosikazi abica olunye uhlobo ngalezo zinsuku kwathi izivatho zawo aziphendulela. Amakhosikazi ahambisa okwamadoda ekhaphuzela. Ayethi amakhosikazi uma eya emifuleni aqale ngokuvika amanzi ngezimbibiza angafuni ukuba ahlale emuzimbeni amanzi bavike njenge nzizwa ivika induku. Awavike ephonseka laphaya, ethi, "washa!" besha bevika impela amanzi. Alalise okwamabutho impela a amakhosikazi athiqhubasha avukufuthi. Kuthi amacansi neziqanela zamadoda ziboshwe kahle zimiswe ngo bonga lwendlu kahle. Kuthulwe sengathi kufiwe ekhaya.

3 Kwathi ngalezo zinsuku kwathi amakhosikazi ayengathandani akhulumanisana ngesizotho ashiyelane nogwayi nekade engashiyelani wonke abekane ngawo kutheza amehlo kwathi namadoda futhi ahlona lona iphunganhlali emakhanda. Kwathi uma bafike enkundleni yokuthelwa. Kwathi inkosi ehleli ibasukuma wagiya wathela inkosi ingothulu. Yathi ngo kubona lokuyayeka inkosi yahanba. Kwawuku buya kwawo amacimu. USilwane akamange elwa njengoba kwakungathithi ufuna ukugalela naye. Kwathi emva kwezinsukwana bamnyundisa abamhlophe uSilwane njengoba bayibona inhliziyo yakhe ukuthi yiabi impela uyimpi naye njengo Babatha

unfoka Zondi.

4. ~~14~~ Kuthena ngokujuda kwakhe uSilwane, amacunu asale elwawo-
dwa. Ehlukana phakathi kwakhona izindela namathela lapho
wahlabana khona uLaphonda ka Nxele kwahlabana uManyela ka
Dumakude beyizindela boba bili laba. Kwathi ngayolena impi ama-
khosikazi agcina wonke umkhuba owenziwayo wempi. Kwathi yena
uLaphondo no Manyela ababe basayidla inyama yangaphakathi ngoba
umuthetho ukuthi umuntu ohlabe angayidli inyama yangaphakathi.
Kwathi futhi abafileyo akwasiwo emakhaya kwathulwa njena kwathi
umusukwana ibuyayo kwabekwa ukuthi baphilile abase Macunwini
Waze wabanjwa uGiba wase Macumo ini oyena waye b. nga. Kodwa
namhlanjena akasenandaba naloku. Amacunu noko kusawahlizi
emoyeni wawo.

5. 15 Abaningi bashiya izwe lakubo babalekela emaphulazini
eGreytown abanye baqonda khona impela eGreytown ezithendeni.
Kwathi uNzondo ka Dlayisa ka Phakade waqonda ezithendeni
eGreytown. Wafike waphenduka waba ikholwa. Kwathi umkwenyane
ka Dlayisa naye wakhishwa ukuba induna yangaphesheya emaphulazini
ngoba kwesabeka ukuthi uzobanga nabakubo. Kwafakwa uHlathi
macunwini
wakwa Shezi. Nezinduna zenkosi ukungezase ~~masawwaa~~ zakhishwa
ngoba kwasatshwa ukuthi zakwenza umbango. Abaningi ngale mpi
babaleka impela futhi bapenduka baba amakholwa. Namhlanjena izi-
dumo zezi ndela namathela zihlazivela kakhulu khona ngaphezulu
emhlangane na so Phathe.

6. 16 Kuthena emva kwalempi kwavela indlala enkulu impela
kwafa izinkomo. Kwathi abaningi futhi babaleka emacunwini.
Kuthena emvakwayo elndlala ingaka pheli kwavela impi yabakwa
zulu namacunu. Futhi isisusa salempi/wona wezindela namathela
mali. Lena yalwa emini ngesonto. Amacunu esuka e Them eni
abakwazulu bakhe bona o Tululwini. Zombili lezi ziqondi zingaphe-
sheya kwemol river. Zingaphansi kuka Hlathi Shezi induna enkulu
yangaphesheya. Kwathi ukulwa kwayo yabonwa nazizingane. Kwafa
abaningi kwaba kwazulu. Kwathi ebusuku abantu bacuyana bodwa.
Kwathi befika bamhlophe bamumana abanye sebesikiwe. Kwathi abanye
ngalempi babaleka futhi. Abanye babanjwa baboshwa.

7 -6 Imikhuba yabantu Isihlambezo:-

Kwakuye kuthi umakoti uma efika emuzini uma esekhulelwa efuna ukuba nengane ehle abese ekhetha nengane enhle yakulowo muzi lapho egana khona. Kuzakuthi amakhosikazi noma izalukazi zikhe amanzi ziwa gwalise imbiza leyo lapho kukhona umakoti nengane leyo. Uzathi umakoti uma efuna ukuphuza abe elindela ingane lena kuqalala ukuba yona iyobeka amanzi la. o esembizeni.

Lamanzi kufuneka acwebe impela nembiza igwaliswe ichichimo impela. Kuzakuthi uma ingane isike yagqolozela emanzini abese uyaphuza umakoti. Azothi uma esephela ziwa gwalise futhi izalukazi. Kuyakuthi uma umakoti ebeletha neyakhe ingane ibenhle ifuze leyo eyayi lunguza embizeni.

8 Ukumela amabele:

9 2 Kunezinyanga ezafunda ukumela amabele zibiza imbuzi noma usakazane wama bele. Kuthi uma amabele eseqala ukuba bomvu bese kufunwa inyanga. Isozothi inynanga ma kukhiwe amakhoba emasisimini. Amakhoba okusele uma izinyoni zidla amabele. Sekuzofunwa nexhoxho. Kuzomenyezelwa ukuthi bonke abantu balapho kuvinjwa khona kuhle bazile. Bangadli bemile, bangagezi ubuso nezinyawo, nezingubo. Nebala abantu sebezokuhlonipha loku. Kuzakuthi amakhoba lana asiwe esizeni. Kuzothatwa ixhoxho li ofakwa eziko. Kubaswe umulilo izinsuku ezinhlanu. Iziko kufuneka lishunge lingavuthi. Kukwezelwa ngotshani obumanzi ukuze lishunge iziko lelo. Ixhoxho lifakwa iziko lizwa. Usukwane kuphela ukuzila kulandwa wona amakhoba emasimini. Kuzakuthi umakoti ogezwa ayolahlwa khona. Ngempela izinyoni azi nakuwadla amabele lawo avinjiwe.

10 5 Kusuka izigwe zamadoda zizule emasimini kubeyi zona zilindayo. Kuthi noma iyiphi inyoni ziyisuse zigxiniba zelekelelwa amasaka bula. Izigwe zona zigadana ikakhulu namavukuthu. Asayaze avutwe amabele lawo nangonyaka olandelayo kuyo banjalo.

Ukubethelela amabele:

Kuyr kumenyezelwe futhi kuzilwe nakhona lapho uma kubethelwa amabele. Kune zinyanga futhi zokukwenza loku. Kwenziwa uma izulu lishaya njalo isagotho. Kuye kufinywe amafindo,

lama findo afakwa umuthi abakwe ngezituba lapha liqamuka ngakho a.
Ngempela izulu selizohlonipha lingabe lisa wisa. Loku kufana
nezikhonkwane zezulu umaliduma zifakwa zezungelezole umuzi lezo.

11

4 Ukuvuna amabele :-

Amabele awavuniswa okombila, kuye kuphunywe na masikela
noma neminese kuzosikwa izingaba zamabele. Kuzakuthi umasezi
gcwale isandla bese umuntu awabeka phansi. Sekuzofunwa isiza
lapho ezobekwa khona. Usezobelungisa endlale ezinhlanga ngaphansi
ukuze kuthi noma lina ango nakali. Asazobekwa phansi izingaba
zibeke phezulu. Kuyoze kuphele insimu kwenziwa njalo. Abanye
bawavunela esihlelweni, kuthi uma esegwele ayowathulula
esitheni lesa. Uma eselandwa athutwa ngezihliphu. Kuyaye ku-
hlonywe izinhlanga emaceleni ukuze angawi. Kuya phindelelwa
uma emanini.

Ukubulwa kwamabele:

12

5

Awathuthwa singakalungi isiza. Kulungiswa isiza kuqala.
Siyaye sisindwe kalile kuthi uma sesi sindiwe amabele alandwe.
Asazo thelwa phakathi esizeni. Kuzakuthi izingaba zibekephansi.
Kuzakuthi phakathi nawo kuvulwe indawana. Yokuma umuntu.
Kuzathathwa amabashi adilaye azungeleze lona omile. Aboshwa a
benathathu noma mabili noma abamane. Kugcina lethambi ngakuyena
umuntu kuzakuthi uma esebulekile awaphundele amakhosikazi.
Usezophinda futhi awamashashi. Umasekuphelile aseveliwa.

Ukweliwa kwamabele:

Amakhosikazi ayamemana. Kuzakuthi amanye njena anendlala
ayenjena noma engamenywanga. Umakwelilwa kuphekwa izinkobe
kubaswe futhi. Kuwuthetho ukushungisa iziko nekupheka izinkobe
zawo lawo mabele ukuze abananingi awc.

13 8 Laba abakwa Kunene abakhe lapha kwela kwa Sigweje
 amaSwazi umingombo wabo unjena. Kuthena uNeli Alson umulungu
 omuhlophe wasukakwabase Durban wayese qonda ondini. Uthena
 una efika ondini watholana nabe Suthu kuthena kunjalo wabasumayeza
 laba abeSuthu. Wathi ngokubona impatho yabeSuthu wakhukhula
 wezalapha kwelakwa Gwane. Waye engase yedwa lapho wayesena
 bantu. Abathumbile kulele labeSuthu abavuma ukukholwa. Kulaba
 beSuthu kwakukhona abakwa Molefe. Kuthena uma efika eSwazini
 waqala ukushumayela nakhona. Abantu abaqalanga ukuphenduka.
 Kwathi ngelekade aphenduka bakholwa nakhona eSwazini. Kwathi
 nabeSuthu laba abafike no Nell bahlala ngokwe saba ngoba uSobuza
 14 inkosi yama Swazi yayingo mufuni umulumbi phela umulumbi basho
 umulungu u Mr. Nell Alson. Kuthena ukuba umunumzane wakwa
 Kunene aphenduke aba yikholwa babe Suthu base behlala ngokwenama
 manjena kuthena uma abantu bonke bela ndela uBadu Kunene owayeseyi
 kholwa yathukuthela inkosi kakhulu. Yacamanga laba bantu bazoba
 amabutho enkosi lena emhlophe uNell Alson. Nezinduna zathukuthela
 impela. Kuthena kunjalo uZobuza wafuna isu lokubulala wona
 amakhobwa naye u Mr. Nell kwezwakala loku kumnumzane uNell ukuthi
 inkosi ufuna ukubabulala. Manjena bahamba ubusuku namaSwazi amaningi
 nabo labo besuthu u Nell abathola ondini. Omkhulu kuba uBadu
 Kunene kuthena inkosi isithi ithumela impi ukuyobulala umuzi
 15 ka Badu kanye no Nell yafumanisa kunga/sekholutho. Ithe makulande-
 lwe imikhondo phinde akusafumaniswa lutho. Kuthena una isise
 duzane nase Filidi yaphinda emuva yesaba uZulu. Noko yayisizomufu-
 mana uBadu Kanye no Nell ukuba ayiphindanga emuva. Kuthena njalo
 abanye ngokwehluleka yahambe ibafumane ibabulale ikakhulu izalukazi
 namakhehla. uNell useqonda eyideni (Edendale) uthena besehamba
 ukudla abakuthola bahamba bedla udaka, bephila nagakuzingela.
 Kwathi ngelikade abanye babulawa indlala. Kuthene umabefika eyi-
 deni base sebemisa umuzi lapho ngoba base besondelene nabanye
 abamhlophe eThekweni. UNell ahase sabilutho. Kuthi ngezima
 athi uNell kuhle bazithele wathenga izwe lakwa Sigweje. Nakhona
 e Edendale wathenga indawo yoko ukwakha. Wahlala nab ningi abantu
 16 lapho. / Kuthena kulelizwe alithenge lapha kwa Hlathi lakwa
 Sigweje wa thumela uMbundle Kunene ukuba ayolibasoba nabanye

abanty. Kuthena uma befika ba fumanisa kwenile nezinkomo zilahleka njalo. Usethumela abaningi uNell ukuzahlaliza umbundle. Useba inkosi umbundle yalaba abantwana baka Nell. Useze uyafa umbudle kwasala indodana yakhe uSigweje. Usigweje lona useli busa ngokuthula njengo nanamhlanje libizwa ngokuthi kuka Sigweje. Kwathi nalaba abanye bebe Suthu balandela yena umbundle. Waye semenza induna yakhe omunye uSigweje kulaba abesutho. uNtunzi Mlipo. Kuthena uma esefile kwathatha amadodana akhe uSigweje uyenza oba namhlanje kusenjalo. Kubusa yena uNicholas Kunene inzalo yakhe uSigweje. Nenduna kuse yiyona yakwa Mlipo inzalo ka Ntunzi.

END 435.